

ABALIMI ABANCANE KANYE NOTSHALO NENTENGISO

YOMBILA

Umbono kahulumeni wethu ukuthi ukuhlelwa kabusha kwezolimo kunike abalimi abancane ithuba lokwazi ukungena kwimakethe yolimo lwentengiso. Lokhu amampunge ngeke kwenzekel!



Abalimi abancane kanye nabanikazi bezigayo ezincane bavinjelwe ukuthi bangene kwinqubo yotshalo nentengiso yokudla

Utshalo lombila wentengiso eNingizimu Afrika lugxile kakhulu kwimbewu ye-genetically modified (GM), izinonisi zamakhemikhali kanye nezibulala-zinambuzana zama-pesticides. Abalimi abancane ngeke bakwazi ukukhokhela lezi zinto ngaphandle kokuba uhulumeni abasekele ngezimali noma abalimi ngokwabo bakwazi ukuthola imali-mboleko yokuthenga lezi zinto zolimo

Izimbewu ze-GM zibiza kakhulu ngoba zenziwa emalabhorethri kanti izinkampani ezenza lezi zimbewu (isibonelo, ezifana noMonsanto) zikhokhisa abalimi inani eliphezulu kakhulu lentengo yezimbewu (ngama-royalty). Izindleko zezibulala zinambuzane zama-pesticides kanye nezinonisi nazo zihlala zenyuka ngazo zonke izikhathi.

Kubiza kakhulu ukuthi umlimi akwazi ukuhambisa umbila wakhe ukuya ezigayweni kanye nasezindaweni lapho ogcinwa khona. Izindawo ezinkulu zezigayo, zithenga wonke umbila ngasikhathi sinye - kanti lokhu kusho ukuthi zithenga imithamo emikhulu yombila kunaleyo ekhiqizwa ngabalimi abancane.

Amabhizinisi ezigayo amancane awakwazi ukuqhudelana nabezigayo abakhulu abalawula imboni.

Ngabe yini ezinye izindlela abalimi abancane abanazo uma befuna ukuphila ngolimo emihlabeni yabo?

